**KwaZulu-Natal MEC for the Department of Agriculture and Rural Development Ms TP kaMadlopha-Mthethwa as MEC CHAMPION for uMkhanyakude District remarks during the district's Operation Sukuma Sakhe/District Development Model**

**LOCATION: INGWAVUMA'S MAGUGU SPORTS GROUND, UMKHANYAKUDE DISTRICT**

**OSS BACKGROUND**

Namuhla sihlanganise zonke izinhlaka zikaHulumeni wesiFundazwe ngaphansi kohlelo I Operation Sukuma Sakhe ne District Development Model ngenhloso yokuzohlinzeka ngezidingongqangi ezaziwayo lapha, siphinde sizwe okunihluphayo. Kubalulekile ukuthi njengohulumeni onakekelayo sihlala njalo sisebantwini okuyibo abasinika umkhombandlela ngezimpilo zabo, kusukela kwinhlalonhle yabantu, ezempilo, ezolimo, ezasekhaya, ezomnotho, ezemfundo nokuphepha kungezinye zezinselelo esibhekene nazo nsukuzaphuma ikakhulukazi kulendawo yakithi yaseMkhanyakude. Isfunda sethu uMkhanyakude sinebhadi ke ukuthi sibonakala sihamba phambili ngokubhuqwabhuqwa ububha,, ubugebengu bokuntshotshwa kwezimoto ezinkulu ziweliswe imigcele, ukuntshontshwa kwemfuyo, nezinga eliphezulu lokuhlaselwa kwabanebala elimhlophe.

**WAR ROOMS ATTENDANCE**

Ukuphumelela kohlelobi OSS kusho ukuhamba kable komnyombo walo okuwukuhanjelwa kwemihlangano yemiphakathi ama War Rooms, lapho sikhuthaza khona imiphakathi ukuba iyithamele lemihlangano ngoba kulapho uhulumeni ecosha khona ithuba lokwazi zonke izinto ezihlupha umphakathi. Siyakuqonda ukuthi kusekhona iminyango engayihambeli lemihlangano futhi kuyasikhathaza lokho nokuthi kwezinye izindawo kuba khona ukuzwani kwamakhansela nomphakathi. Nakuba kunjalo kuyasithokozisa ukuzwa ukuthi izindawo eziningi esizihambelayo kulolulhelo lwe OSS iminyango okuthiwa ijwayele ukuba khona imbalwa, oweSocial Development, Home Affairs, ezolimo ingeminye yalaba abayihambelayo lemihlangano nakuba singagculisekile njengohulumeni indlela engahlonishwa ngayo lemihlangano yezinhlaka zikahulumeni ezididiyelwe namalungu omphakathi. Kuyiqiniso ukuthi ama war rooms ayinhliziyo yomphakathi njengoba ephethe ukuphila kwesigceme nesigceme yingakho kubalulekile ukuwathamela ngasosonke isikhathi. Futhi kuyiqiniso ukuthi oSomlomo

boMaspala yibona okumele baqikelele ukusebenza kwama war rooms. I wardi ne wardi nayo kumele izihluphe ngokuqinisekisa ukuthi lukhona loluhlaka emphakathini ngoba kula kubhungwa khona amaqhingasu okuqeda isihlava sokuhlukunyezwa kwezingane nabesifazane, ubugebengu, nezinye izinselelo ezikhona emiphakathini. Akugcini kuphela ngamaqhingasu kepha lezinselelo zibikelwa izinhlaka ezifanele bese kutholwa isisombululo ezinkingeni ezikhona.

**TEENAGE PREGNANCY AND GBV**

Singuhulumeni iyasishaqa imibiko ethi KwaZulu-Natal ngonyaka odlule kukhuleliswe amantombazanyane/teenagers angu 26 thousand, bese kuthi angu one thousand wawo abengaphansi kweminyaka engu 14. Lokhu ke sikubona kusithela ngehlalo ngoba izibalo ziphinde zikuveze ukuthi labantwana abakhuleliswa ontanga kepha abesilisa abangaphezulu kakhulu ngeminyaka yabo, abathatha I advantage yobubha ebantwaneni, badlale ngabo. Abanye babo baphinde badicelelwe phansi abazali ngokuthi lesi senzo siphelele ezeni, sifihlwe ngokuthi bafune kugezwe umuzi nje kuphela ogezwa ngembuzi. Umthetho waseNingizimu Afrika uthi uma ulale nengane engaphathi kwemnyaka engu 17 ijele lodwa nje lelo. Akukho okumele kuxoxwe, ufakwa ezikhindini. Ngisakhuluma eziqondene noMnyango nezokuThuthukiswa kwemiPhakathi asigqugquzele intsha yalapha eMkhanyakude ngamathuba asesiCabazini Youth Academy la kuqeqeshwa khona intsha ngamakhono anhlobonhlobo ama artisans nama life skills. Lena ngenye yemizamo kahulumeni yokufukula imindeni edonsa kanzima kwezomnotho ngoqeqesho lwamahhala.

**CARJACKING OF 4X4 VEHICLES**

Njengohulumeni siyakuqonda ukuthi udaba lokutshontshwa kwezimoto udaba oludala olungafuni ukuphela, oselufakelwe izibuko ngendlela eyaphambili. BenginoNdunankulu ngeledlule eManguzi lapho anikele khona ngama drones anama camera, azohlonza ukuhamba kwezimoto emngceleni wakuleli nezwe I Mozambique naseSwatini. Kanti mamaphoyisa alokhu andisiwe kulezindawo asebenzisana nolunye uhlaka lwezokuphepha I Border Management Authority ukuqinisekisa ukuthi abantu balapha balala ubuthongo Isigameko sakamuva sokusocongwa kwe Commercial Farmer umnumzane Siphamandla Maphanga sisishiye sigqemeke engeqiwa ntwala. Lezi ngezinye zezinkomba zokuthi abantu balala obemyoni, kungekhona ebusuku kuphela

kepha nasemini ka bha kuzingelwa izimoto ezibizwa ngama 4x4 ukuze zeqiswe umng.cele. Siyasebenzisana neziphathimandla zakulamazwe athintekayo kepha kusekuningi okudinga kulungiswe kohulumeni bobabili ezingeni likazwelonke.

**STOCKTHEFT**

Nakuba ke sikhala ngezimoto zethu ezithathwayo, kuyishwa ke ukuthi nathi ngapha siphinde sizwe imibiko yokuthi kukhona imfuyo yakomakhelwane eweliswa umngcele ize ngapha kwelakithi ngenhloso yokudayiswa. Lokhu kuthunaza imizamo yethu njengohulumeni, futhi kudicilelwa phansi negama lezwe lethu ngoba nakho kungubugebengu. Lokhu akugcini kuphela kubuyisela emuva imizamo yezingxoxo ngezimoto kepha kuphinde kuthunaze nemizamo yokulwa nesifo samatele noma ezinye izifo zemfuyo ngoba lezinkomo zisuke zingajovile futhi zihanjiswa nasemahlathini ancikene neziqiwi ezinamatele. Siyayinxusa ke miphakathi ukuba nibikele amaphoyisa kuzozonke lezigameko zokuntshontshwa kwemfuyo nezimoto. Isisombululo kuyoba yithi abantu bomphakathi ozothi 'Enough Is Enough' 'Sekwanele'.

**FMD**

Sisembhidlangweni wokulwa nesifo samatele. Amathimba ethu odokotela bemfuyo athe chithi saka isifundazwe sonke ukulwa nalesihlava. Siyakuqonda ukuthi sidla lubi ikakhulukazi ezifundeni ezakhelene neziqiwi njengoba zinezinyathi ezithwala lesisifo, kepha asimile emizamweni yethu. Selokhu saphinde savela lesisifo ngo 2021 sisagome imfuyo ebalelwa ku 800 thousand kuze kube manje, kanti lapha eMkhanyakude sisagome ezingu 57 thousand two hundreds (57 200) kulonyaka nje uwodwa. NjengoMnyango wezoLimo ngingakuqinisekisa ukuthi wonke amadiphu angaphezulu kwezinkulungwane ezimbili KwaZulu-Natali siyawanika amakhemikhali okudibha kwezinkomo, nakuba siziqonda izikhalo ezikhona emiphakathi. Siyaninxusa ukuba nisithinte uma kukhona la eningaboni khona kahle ngokohlelo lokuthi nihlinzekwe ngalezinsiza zokudibha.

Siyanixusa banikazi bemfuyo ukuba nihambele imihlangano yososeshini bemfuyo. Izibalo zesifo samatele KwaZulu-Natal zandiswe ukungayilandeli imigomo ebekiwe njengohulumeni ikakhulukazi ukuthuthwa kwemfuyo ezifundeni ezinamatele, osekwenze ukuba lesisifo sikapakele nakwezinye izifunda. Ngikhuluma nani nje uGu District kuphela olungakabi nezibalo eziqinisekisiwe zalesisifo. Ukulwa nesifo samatele akusiwo kuphela umsebenzi kahulumeni kepha zonke izinhlaka zomphakathi

ikakhulukazi bona abalimi kumele baqinisekise ukuthi abenzi okuphambene nemigomo ephathelene nokuthuthwa kwemfuyo. Imvume yokwenzenjalo iyatholakala emahhovisi oMnyango wezoLimo. Sekusungulwe ne Ministerial Task Team ezobhekela ukulawulwa kwesifo nokuqinisa imizamo yokuthokala kwemithi nemijovo yemfuyo.

**EDUCATION**

Siyaziqhenya ke njengoMkhanyakude emkhakheni wezemfundo ngokugila izimanga ephepheni likaMatikuletsheni kuleminyaka ikakhulukazi ngonyaka odlule lapha I class of 2024 lithole khona imiphumela emihle engu 92. 8 wamapheseni, sabangunombolo one KwaZulu-Natal, kwasekuthi kuzwelonke saphuma isithathu. Sibashayela ihlombe othisha nezingane zezikole abaholwa nguMnumzane u T.J Motha oguqule lesfunda from number 75 kuma districts saba u number 3 kuzwelonke. Kuyasho ke ukuthi ukuzimisela nokuzinikela kuzala impumelelo. Lemiphumela sisengayiphinda nakulonyaka ngoba kukhulu ukuzimisela nokuncintisana nezinye izifunda njengoba nabo bengazibekile phansi. Sizophinde sibaqwaqwade amakhanda nakuba benezinsizakufunda ezisezingeni eliphezulu kakhulu kwelethu. Siyazi ke ukuthi izikole zethu zisilele emuva ngezidingo ezifana nama library, ama laboratory, I scholar transport, izakhiwo ezingakulungele ukufunda nokufundisa ikakhulukazi uma linile izulu, ubugebengu obukhona emiphakathi obugcina bukapakela ezikoleni, kanye nokuthi kulungiswe udaba lothisha okufanele bathole imihlomulo yokusebenzela ezindaweni ezisemakhaya. Okunye okucindezela izikole ekuhlinzekweni kwezinsiza nengqalasizinda ukuthi indawo yalapha inabantu abaningi bokuhamba abangabhalisiwe ngokusemethethweni kuleli kepha abanezingane ezifunda ezikoleni zethu, lokhu kwenza ukuthi imali ehlinzekwa uhulumeni eyinika umfundi ngamunye igcine yenza umsebenzi wabafundi ababili noma abathathu. Uhulumeni ngokusebenzisana nezinhlaka ezifana nezinyunyana nezigungu eziphethe izikole bayasebenzisana ukubhekana nalezinselelo.

Ngiyathokoza Mphathi wohlelo.